


ZULU - "The Two Roads"

IMIGWAQO EMIBILI



UKUKHETHA UMGWAQO.

Uma siqala uhambo siya endaweni esingakaze siye kuyo siyaye sibuze umgwaqo ofanele ukuba siwuthathe. Sihamba sivule amehlo ethu, uma sibona ukuthi si-semgwaqeni okungesiwo, siyaphenduka sifune okunguwona wona. Nsuku zonke mina nawe siyahamba kulelizwe siya ekuphileni endaweni leyo engasoze yaphela. Engenakuguqulwa uma sesike safika khona. "Uyazi lapho uya khona?"

INCWADI YETHU ESIHOLAYO.

UNkulunkulu ngothando lwakhe nomusa usinikile incwadi esiholayo, iBhayibheli esikhombisa kahle indlela eya ezulwini. Imibhalo ekulencwajana ivela kuyo lencwadi. "Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami" Amahubo 119:105.

UMGWAQO OBANZI.

Kukhona abantu abaningi kulomgwaqo. "Isango libanzi nendlela inkulu eyisa

ekubhujisweni, baningi abangena khona” Math. 7:13. Iningi labo linamehlo avaliwe. Abazi, abanakile ukuthi basendleleni eya ekubhujisweni. “Kukhona indlela ebonakala songathi ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyindlela yokufa” Izaga 14:12. Unkulunkulu walezizwe (usathane) uphuphuthekise izingqondo zabangakholwa. 2 Kor. 4:4.

IMITHWALO.

Abantu abakulomgwaqo basindwa isono. “Ngokuba bonile bonke bengafinyelele ebukhosini bukaNkulunkulu” Rom. 3:23. Singefihle ngisho isono esisodwa kuNkulunkulu. “Umuntu-ubheka isimo somuntu kepha uNkulunkulu ubheka inhliziyo” I Sam. 16:7. Imithwalo iboshelwe emihlane yabo. Wena nami singesuse nesisodwa isono ngamandla ethu. Ngokuqhubeka kwesikhathi umthwalo uyasinda. “Inkokhelo yokona ukufa” Rom. 6:23.

UMLILO.

Njengokuba uNkulunkulu eyingcwele elungile, kufanele kubekhona isijeziso sesono. Izwi likaNkulunkulu lisitshela ukuthi sikhona isihogo, indawo yokujeziswa okuphakade kulabo abangamlaleli uNkulunkulu. IBhayibheli lithi: “Ababi bayakubuyela esihogweni nazo zonke izizwe ezimkhohlwayo uNkulunkulu” Amahubo 9:17. Akudingeki noma ungaze ube mubi kakhulu ukuze uye lapho, futhi ingeyalabo abakhohlwa uNkulunkulu.

Kepha uNkulunkulu unguNkulunkulu wothando futhi. “Engathandi ukuba kubhubhe namunye kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni” 2 Pet. 3:9. Ngomusa wakhe omkhulu nothando wenze indlela yokuphepha kubo bonke abayifunayo. Uyathanda ukuthola indlela yokuphila?

INDLELA YOKUPHILA: UMSINDISI.

Njengalokhu singenakuzikhulula ezonweni zethu, nasekujezisweni ngezono zethu. UNkulunkulu usilungisele uMsindisi. “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba lowo okholwa yiyo angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade” Johane 3:16. UNkulunkulu uBaba wasezulwini wathumela iNdodana yakhe eyodwa iNkosi uJesu Kristu kulomhlaba. Waphila njengomuntu kodwa akonanga. Wayehamba enza okulungileyo, ephilisa abagulayo, ehlanza abanochoko ekhipha amademoni, ethethelela izoni eziphendukayo, efundisa abantu ngoNkulunkulu.

Kepha injongo yakhe enkulu ekubeni abe ngumuntu kwakungukusifela sonke njengomhlatshelo. Ukunika impilo yakhe yobuNkulunkulu engenasono. Wachitha igazi lakhe eliyigugu ukukhokha inhlawulo yezono zethu. Wavumela ababi bamthathe bamshaye umhlane wakhe waze waba nemidwa yegazi. Bamqhelisa ngomqhele wameva ekhanda lakhe, ekuqcineni babethela izandla zakhe nezinyawo zakhe esiphambanweni, lapho alenga khona ngobuhlungu. Uyena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini” I Pet. 2:24. Wafela mina nawe.

UKUVUKA KWAKHE.

Emuva kwezinsuku ezintathu ethuneni uJesu Kristu wayuka kwabafileyo, wahamba wakhuluma nabafundi bakhe. Emuva kwezinsuku ezingamashumi amane wenyukela ezulwini lapho ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. UMSindisi ophilayo “Onamandla onke ezulwini nasemhlabeni” Mat. 28:18.

“Ngakho unamandla okubasindisa ngokuphelele abeza kuNkulunkulu ngaye lokhu ephilela njalo ukubamela” Heb. 7:25.

IZULU.

Izulu indawo lapho kuhlala khona uNkulunkulu ngenkazimulo yonke yakhe. INkosi uJesu wathi: “Ngiyokunilungisela indawo, nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize nginibuyisele kimi, ukuba lapho ngikhona nibe khona nani” Johane 14:2, 3. Kuyindawo emangalisayo lapho uNkulunkulu eyakwesula zonke izinyembezi emehlweni abo; akusayikubakho ukufa, nokudabuka, nokukhala, akusayikubakho ubuhlungu ngokuba okukuqala kudlulile. Ubusuku abusayikubakhona ngokuba iNkosi uNkulunkulu uyakubakhanyisela. Isamb. 21:4; 22:5. Kuyindawo engcewele. “Akusoze kwangena lutho olungcolileyo kuwo nowenza amanyala namanga, kuphela abalotshiwe encwadini yokuphila yeWundlu” Isamb. 21:27.

Kepha kukhona indlela eyodwa eya ezulwini. INkosi uJesu wathi: “Mina ngiyindlela neqiniso, nokuphila. Akekho oza kuBaba ngaphandle kwami” Joh. 14:6. “Ayikho insindiso ngomunye. Ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu elinikwe ebantwini esimele ukusindiswa ngalo” Izenzc 4:12.

SINGAFIKA KANJANI ENDLELENI EYA EZULWINI?

1. “Phendukani nikholwe yiVangeli” Marku 1:15. Ukuphenduka ukugquka esonweni ukuphendukela kuNkulunkulu ngenhliziyo yethu yonke.
2. **Woza eNkosini uJesu Kristu** ngomkhuleko, njengalokhu unomthwalo wesono umcele ukuba akuthethelele, uthi: Oza kimi angisoze ngimlahle ngaphandle Joh. 6:37. “Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo mina ngizakuniphumuza” Mat. 11:28.
3. **Themba kuKristu kuphela ngensindiso yakho.** “Igazi likaJesu Kristu iNdozana yakhe liyakusihlambulula ezonweni zonke” I Joh. 1:7.
4. **Uyokunika ukuphila okusha . . . ukuphila okuphakade.** UKristu wathi: “Ozwa izwi lami akholwe ngongithumileyo unokuphila okuphakade akayi ekwahlulelweni kepha usephumile ekufeni wangena ekuphileni” Joh. 5:24. “Njalo uma umuntu ekuKristu ungumuntu omusha okwakuqala kudlulile bheka konke kwenziwe busha” 2 Kor. 5:17.
5. **Uyoba nokuthula nesithembiso.** “Ngakho lokhu sesilungisiwe ngokukhol-

wa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu” Rom. 5:1. “Yilobu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade nalokhu ukuphila kuseNdodaneni yakhe. Onayo iNdodana unokuphila ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila. Nginilobela lokhu ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade, nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu I Joh. 5:11-13.

INDLELA YOKUPHILA IMPILO ENTSHA.

1. **Funda iBhayibheli nsuku zonke.** Ngaphandle kokuthi lingukukhanya endleleni yethu, lingukudla komphefumulo wetu. “Njengezingane ezisanda kuzalwa langazalani ubisi olungokomoya ukuze nikhule ngalo” I Pet. 2:2. Cela uNkulunkulu akuhole akufundise ngomoya wakhe oNgcwele nxa ulifunda.
 2. **Sondela kuNkulunkulu ngomkhuleko mihla yonke.** Ukhuleka egameni lika-Jesu. “Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyi zenu nemicabango yenu kuKristu uJesu. Fil. 4:6-7.
 3. **Khuluma kwabanye ngoKristu.** “Hamba uye ekhaya kwabakini ubabikele ukuthi kungakanani iNkosi ekwenzele khona” Mark. 5:19.
 4. **Ekulingweni biza iNkosi.** Ngokuba lokhu wahlupheka yena uqobo elingwa unamandla okusiza abalingwayo. Heb. 2:18.
 5. **Uma uwela noma kusiphi isono sivume masinya kuNkulunkulu.** I Joh. 1:9. “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi” I Joh. 1:9.
 6. **Zama ukuhlangana namanye amakholwa eNkosini uJesu Kristu.** “Yilo umyalo wami wokuba nithandane njengalokhu nginithandle” Joh. 15:12.
 7. **Lalela uNkulunkulu njalo.** “Uma umuntu engithanda uyagcina izwi lami” Joh. 14:23.
 8. **Ungesabi ngoba uKristu unawe.** Ushilo wathi: “Angisoze ngikushiye angisoze ngikuyeke” Heb. 13:5.
 9. **Zinikele ngokuphelele eNkosini uJesu Krsitu.** Muvumele ahole impilo yakho ngokwentando yakhe, ngalendlela uyothola ukujabula kweqiniso.
- INKOSI uJesu Kristu UMSINDISI YEDWA, futhi unguMsindisi OPHELELE uyikho KONKE okudingayo.**

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:

E-MAIL: info@angp.co.za

ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS
P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.

(A Gospel Literature Mission financed by donations)

(Reg. No. 1961/001798/08)